




transport

Department:
Transport

PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



Mr TW Mchunu

MEC: Transport, Community Safety and Liaison

UMYALEZO KAKHISIMUZI

Amaholidi kaKhisimuzi asefikile. Sizojabulela ukuphumula nokuhlangana nemindeni yethu. Ngifisela bonke abantu baKwaZulu-Natal nezivakashi zethu, amaholidi anokuthula naphephile.

Sisonga unyaka ka-2013, nemishophi yezingozi ezisishaye kakhulu futhi zashiya imindeni eminingi isemanzini, ngokulahlekelwa abathandiweyo bayo. Lezingozi zalo nyaka zishiye izintandane namanye amakhaya evaliwe.

Imibiko nocwaningo kukhomba ukuthi zonke lezi zingozi zenzeke ngenxa yobudedengu babashayeli.

Yingakho sivuselela umkhankaso u-**Operation Phezu' kwabo**. Sifuna ukuqinisa isandla kulabo abaphula futhi babukele phansi imithetho yomgwaqo. Sitshale amaphoyisa omgwaqo, awakwa-SAPS, awakwa-Customs nawomasipala, kuyo yonke imigwaqo nemiphakathi, ukulwa nokwep hulwa komthetho nobugebengu.

Sinxusa wonke umuntu ukuthi abambe iqhaza emkhankasweni wethu, u-“Operation Valingozi” Wonke umuntu makakhulume nonembeza wakhe – ahloniphe imithetho yomgwaqo ukuze kusinde abantu.

Ngaphansi komkhankaso ka-“Operation Hlasela” masiqhubeke sibe yimbumba silwe nobugebengu. Imiphakathi mayihlangane ikhande izinhlangano zayo zokuzivikela ebugebengwini, isebenze ngokubambisana namaphoyisa.

Sinifisela amaholidi amnandi naphephile

Gcinani umthetho.

Ungakhohlwa – ukuphepha kuqala ngawe.



“KWAZULU-NATALI - Alufakwa Lubuya Nesaphulamthetho!”

